www.kznonline.gov.za

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 198 • AUGUST 2016

# KWETHULWE UBUHOLI OBUSHA KOMASIPALA KWAZULU-NATAL



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu uzimazise ukubekwa ngokusemthethweni kobuholi obusha base-Alfred Duma. LoMasipala uhlanganisa Indaka kanye noMnambithi. Ubonge umphakathi ngokusebenzisa ilungelo lawo lokuvota livotela ubuholi obusha obuzosebenzela abantu bakithi ekubhekeleni izidingongqangi zomphakathi. Bheka udaba ekhasini 3



# OKUNGAPHAKATHI






## UNDUNANKULU UZIMAZISE NGOKUSEMTHETHWENI UKUBEKWA KOBUHOLI BUKAMASIPALA I-AFRED DUMA

### IKHASI 3

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu uzimazise ukubekwa ngokusemthethweni kobuholi obusha base-Alfred Duma. Lomasipala uhlanganisa Indaka kanye noMnambithi.



## UZIKALALA UPHONSELE ABEZIMBONI INSELELO

### IKHASI 5

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nokoNgiwa kweMvelo usephonsele inselelo izimboni kanye nezinkampani ezizimele ukuthi zingameli kude kepha zisebenzisane nohulumeni ekuqikeleleni ukuthi nabamnyama bayangena emkhakheni wezokukhiqiza




## UNGQONGQOSHE WEZEMPILO UGQUGQUZELA ABAFUNDA E-CUBA UKUBA BANGASIPHOXI

### IKHASI 7

UNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo usenxuse izinkumbi zabafundi abafundela ubudokotela e-Cuba ukuthi babambe leli thuba ngezandla zombili, bauhlukane nakho konke okungabaphazamisa.

## UNGQONGQOSHE USEXWAYISE NGOBUVILA KWABATHOLE UXHASO

### IKHASI 10

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi usetshele abantu baseSpringlake eNquthu enyakatho yesifundazwe ukuthi mabapheze ubuvila

## KULOKOZA INHLANSI YETHEMBA NGOKUSEBENZA KOMJINDI

### IKHASI 12

UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal, uMnuz Themba Mthembu, uqinise idolo abasebenzi abangaphansi kohlaka loMnyango uMjindi Farming pty ltd ukuthi uzokwenza konke okusemandleni ukuthi bangalahlekelwa yimisebenzi

## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Adv. Simo Chamane

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali

© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# UNDUNANKULU WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI UZIMAZISE NGOKUSEMTHETHWENI UKUBEKWA KOBUHOLI BUKAMASIPALA I-AFRED DUMA

Sibeka abesifazane eqhulwini ngoba yibo abawumgododla womnotho wesizwe. Yibo ababheka amakhaya ethu nabondla imindeni yethu.

**NDABEZINHLE SIBIYA no CUTHBERT NZUZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu uzimazise ukubekwa ngokusemthethweni kobuholi obusha base-Alfred Duma. Lomasipala uhlanganisa Indaka kanye noMnambithi.

Ubonge umphakathi ngokusebenzisa ilungelo lawo lokuvota livotela ubuholi obusha obuzosebenzela abantu bakithi ekubhekeleni izidingongqangi zomphakathi.

Ube esedonsa ngendlebe amakhansela amasha ukuthi ivoti uma likufaka emkhandlwini lisho ukuthi abantu bathemba wena ekuletheni intuthuko kubo.

OkaWillies ube eseveza ukuthi naze nabekwa kahle ngenyanga yabesifazane abalwela lelizwe ngesikhathi sobandlululo lapho ubandlululo lwaluhlome luyizingovolo kodwa imbokodo yadela konke yalwa nalesisikhondla khondla yasinqoba.

Utshele amakhansela ukuthi wona anomsebenzi olula wokulwa nobubha esizweni ngokuthi wona anoHulumeni ngemuva owaxhase ngezinto zonke.

UMnu Willies Mchunu uthe into elindelekile ukuphuculwa kwezimpilo zabantu kusuka entsheni, odadewethu, osisi, omamezala, omama kanye noGogo bethu namakhehla.

"Sibeka abesifazane eqhulwini ngoba yibo abawumgododla womnotho wesizwe. Yibo ababheka amakhaya ethu nabondla imindeni yethu".

UNdunankulu ubonge abaphathi bomasipala Indaka kanye noMnambithi abakwazile ukuhlanganisa labomasipala emva kwesinqumo sokubahlanganisa.

Ubeke nomlando omuhle kaBaba uDuma owabamba iqhaza elwela inkululeko yezwe lethu.

Ukuhlonipha lomholi odume iNingizimu Africa kubekuhle ngoba kuthe uma kuhlanganiswa labomasipala abangenhla izakhamuzi zamhlonipha ngokuthi zamukele futhi kungasuki uthuthuva olufana nolwaseVuwani eLimpopo.

Izinhlelo zikaHulumeni ezihambisa intuthuko kubantu njengoSukuma Sakhe isazoqhubeka kakhulu futhi ngesivinini. OkaWillies uzibophezele ekusebenzisaneni nobuholi obusha ngokungachemi ngoba isikhundla akuso sengamele wonke amaqembu ozombusazwe, imiphakathi, buholi bomdabu kanye nobezenkolo obakhele lesisiFundazwe.

Udonse ngendlebe ubuholi obusha ukuthi izethembiso abazenzile ngaphambi kokhetho njengabaholi abasha abahlale amaqozo kuzo.

Ukuba kulesisikhundla okuso kusho ukusebenzela umphakathi. Intando yeningi isho ukusebenzisana kwenhlaka ezahlukene futhi zisebenza ngobuqotho.

Uma lomasipala ungasebenza ngobuqotho nangokuzikhandla singabona abatshali zimali bethontelana kulomasipala bezofukula umnotho wawo.

UMacingwane utshele abaholi abasha ukuthi bangawashiyi ngaphandle Amakhosi oselwa ngoba nawo ayathinteka ezikhalazweni zomphakathi futhi izindawo zamakhosi zinomnotho ongasukumi phansi.

Isifiso sikaNdunankulu kube ukuthi omasipala abasebenzisane namakhosi aseNdlunkulu khona kuzohleleka kahle intuthuko eyakubantu ngokushesha.

Wafisa ukuthi ulwazi lobuchwepheshe bamakhomputha busabalale nasezindaweni zamakhosi nakubantu njengoba yiwo amakhomputha aletha ulwazi lwesimanje kubantu.

Loluxhumano lwesimanje nokusabalala kolwazi izithelo zentando yeningi kubeka okaMacingwane

UMacingwane uqhakambise ukuthi isizwe samaZulu kulendawo sinothile ngomlando onaso ngoba izivakashi ziza njalo zizofunda ngendawo lapho okwalwela khona izimpi ezinkulu zalesisizwe.

Lomasipala awulisebenzise lelithuba lezokuvakasha elingandile kwabanye omasipala njengoba usondele futhi nezintaba zoKhahlamba-World Heritage Site, Maluti and Drakensburg Trans-Frontier Route.

UHulumeni oholwa uMacingwane uzoqhuba nezinhlelo zokuvakasha



*UNdunankulu uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mnchunu lapho ethula khona inkulumo okhethweni lomasipala wase Alfred Duma.*
***Isithombe:** THEMBA MNTYALI*

kuwo lomasipala ukuze kuvele amathuba emisebenzi. Ukuba khona kweziqiwi kulomasipala, Cable car eyakhiwayo ezintabeni zoKhahlamba yikho okuzoletha izivakashi kulendawo.

Umphathiswa wezokuVakasha kanye nezeMvelo umnu Sihle Zikalala uzowusiza kakhulu lomasipala ekufukuleni ezokuvakasha nezemvelo njengoba ezoza nohlelo lwama Co-Operatives lokhu okuwuhlelo lokusebenzisana lwemifelandawonye.

Ama Co-Operatives kanye nama SMMEs kosebenzisana ngoba lezizinhla zoqeqeshwa kahle ukuze zibenekusasa eliqhakazile emnothweni kamasipala.

Amabhizinisi asakhulu athinta abesifazane kanye nentsha kozonakelelwa ngokunikwa ulwazi kokuphathwa kwamabhizinisi.

UBaba umnu Themba Mthembu umphathiswa wezoLimo kanye nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya naye uzoza nohlelo oluzothinta ezolimo, imfuyo, amahlathi njalonjalo kulomasipala.

UMacingwane ucele imiphakathi ukuthi ibambisane nobuholi obusha nokuthi iqhubeke nezinhlelo zokulwa nezifo ezifana no TB kanye ne HIV/AIDS.

Njengoba bebefunga njengabaholi abasha ceke abahole kahle futhi bafake ezinhlelweni zabo nokulwa nobugebengu, ukuletha ezemfundo, ukuletha ezempilo ezisezingeni eliphezulu, ukwakha umasipala oqotho kanye nokuthuthukisa umasipala abawakhele.

Ihhovisi likamphathiswa uNomusa uDube-Ncube oweZokubusa kanye noBuholi beNdabuko lisendleleni ukuzocija amakhansela amasha kanye nabasebenzi bakamasipala ekwenzeni umsebenzi wabo. Amakhosi nabaholi bezendabuko ngeke basale ngaphandle kuloluqeqesho.

UNdunankulu uWillies Mchunu uzibophezele ekutheni ihhovisi lakhe lisebenzisana namakhosi eSilo Samabandla ekuthuthukiseni komphakathi.

Ubuye okaMacingwane wanomhlangano okhethekile noMgcinimafa lapho bekwazile ukuza nezinhlelo ezizokwenza umnyango kaMgcinimafa uhlale njalo uvakashela omasipala uzofundisa ukuphathwa kwezimali kanye nokulwa nenkohlakalo.

Uhlabe ikhwelo okaMacingwane lokuthi izimali zikamasipala aziphathwe okwezikhali zamantungwa zingaxhashazwa ngoba izintela zabantu lezi.

UMacingwane ubonge u-IEC ngokuphatha kahle ukhetho olungenzazihibe kanye nabavoti abavote ngenkululeko.



*Ubuholi obusha obugcotshiwe, okungamaKhansela amasha ngaphansi kukaMaspala Alfred Duma.*
***Isithombe:** THEMBA MNTYALI*

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

RAPE IS A CRIME

365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



# UNDUNANKULU WETHULE UMASIPALA OMUSHA INKOSI LANGALIBALELE OVELE NGOKUHLANGANA KOMTSHEZI NEMBABAZANE

**NOLWAZI NZUZA no JOY MAKWALA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa uWillies Mchunu uhambele uMasipala omusha Inkosi Langalibalele ovele ngokuhlangana kukaMasipala waseMtshezi nowaseMbabazane, ukuyogcoba amakhansela aqokiwe kulezindawo.

UNdunankulu uhalalisele lamakhansela ngokuqokwa kwawo umphakathi waphinde wawakhumbuza ukuthi aqokelwe ukusebenzela abantu nokuletha intuthuko emiphakathini yawo,

UNdunankulu uphinde wakhumbuza namanye amaqembu ezepolitiki ukuthi njengoba abantu bavota mhla zintathu kuNcwaba bathembele kuwo lamaqembu ukuba afeze izidingo kanye namaphupho abantu baseNingizimu Afrika.

Amalunga esigingu esiphezulu sikaMasipala waseMtshezi abehlangene noNdunankulu kulendawo ewahambele njengo shampeni we Operation Sukuma Sakhe oqokiwe ukubhekelela ukulethwa kwezidingo zomphakathi kanye nentuthuko kulendawo.

Njengoba laboMasipala behlanganisiwe bobabili okubalwa uMtshezi neMbabazane baba ngu Masipala owodwa, banesibophezelo sokusebenza njengembumba ukuletha intuthuko kubantu abangaphansi kwabo.

Ukuhlanganiswa kwalabo' Masipala kube okuhle kwangaba nazithiyo ezinjengalezi ezenzeke eVuwani eLimpompo.

Omasipala abahlukahlukene kulendawo kuzodinga babenemihlangano njalo phakathi kwabo namakhansela kanye namalunga ukuze baqinisekise ukuthi baletha intuthuko esezingeni eliphezulu emiphakathini abeqokwe kuyo.

UNdunankulu ugcizelele ukuthi amakhansela awakwazi ukusebenza ngawodwa, ngakho kumele aqinisekise ukuthi ayahlangana njalo nomphakathi ukuze bathole izidingongqangi futhi balethe nezimpendulo zokuthi imizamo yawo amakhansela yokuletha intuthuko iyasebenza yini ngoba ukuxhumana iwona khiye ozoletha impumelelo emizamweni yamakhansela.

UNdunankulu uphinde wakubalula ukuthi uMasipala wase-Inkosi Langalibalele unabaholi bezenkolo kanti amakhansela kumele asebenzisane nabo ukuze bazizwe bamukelekile futhi bangabantu nabo abawusizo emphakathini. Uqhube wathi kumele amakhansela aphinde asebenzisane nosomabhizinisi bakulendawo ngoba loMasipala usadinga intuthuko enkulu kwezamabhizinisi kanti ukubambisana kwalezi zinhlaka zontathu kuzoletha enkulu impumelelo kuloMasipala kwezentuthuko kanye nezamabhizinisi.

IHhovisi likaNdunankulu uWillies Mchunu libungaze abantu bakuMasipala Inkosi Langalibalele ngesenzo sabo esihle sokukhetha ukuthula kunodlame.

UNdunankulu ukhumbuze loMasipala ukuthi kwake kwabanodlame lwezepolitiki olukhulu kulendawo ikakhulukazi kwa-Section C eWembezi ngakho uyabonga kakhulu kubaholi bomphakathi ngokusebenzisana ndawonye ukuqinisa inkululeko yentando yeningi.



*UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mnchunu lapho ethula khona inkulumo ngaphambi kweNkosi Langalibalele Municipality.*
***Isithombe:* THEMBA MNTYALI**



*IMantshi uBheki Khumalo efungisa amanye amansela amasha agcotshwe ngaphansi komasipala iNkosi Langalibalele.*
***Isithombe:* THEMBA MNTYALI**

# UNdunankulu waKwaZulu-Natal uvakashele iBandla lamaKhatholika i-Kevelaer Pilgrimage eDonnybrook

**CUTHBERT NZUZA**

UNdunankulu wakwaZulu-Natali uMnu Willies Mchunu uvuselele ukuziphatha okuhle kubantu emva kokhetho olubenokuthula enkonzweni yamaKhatholika aCwebileyo eDonnybrook – Kevelar Pilgrimage.

Ubonge abantu besiFundazwe kanye nabaseNingizimu Africa ngokuziphatha kahle ngesikhathi sokhetho. Yize bebekhona ongoma uyayona kwabulawa amakhansela kodwa kube ngozimakhaza uma uqhathanisa ngesikhathi sodlame kulelizwe lapho okwafa khona abantu abaningi. Lenkonzo undunankulu umnu Willies Mchunu ubonge uMaria oCwebileyo nesipho asiphe sona kulesisiFundazwe sokuthi ukhetho luhambe kahle lungabi nazihibe kungabi nezigameko ezinzima kube nokuthula. Umphathiswa wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nezeMvelo uMnu Sihle Zikalala naye uphawule ngenhlese ebekhona ebincane yezintwanyana ezibekhona ngaphambi kokhetho kodwa ngemikhuleko isimo sadamba.

UMacingwane ubonge imikhuleko eyenze ukhetho lwesiFundazwe lube oluhambe kahle kakhulu. Wabonga abaholi abahamba phambili bakamoya abalekele ekubonge kuMdali nokuthi kungabi okokugcina ukuthula kuqhubeke njalo esizweni sethu kungabibikho ukugqubuzana okungenasidingo. Ucele ukuthi umoya oyigcwele ukuthi wehlele bonke abantu baKwazulu-Natali. Isifiso sikaMacingwane ukuthi isiFudazwe sibe isiFundazwe esinokuthula nokujabula. Wacela amaKhatholikha ukuba akhulekele i-Diocese yaseMarianhill ikuba ibambisane kahle namanye amaKhatholikha akwisiFundazwe.



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu ethula inkulumo eDonnybrook.*
***Isithombe:* ZANDILE SHANGE**

Kuningi okuhle okwenziwa uBhishop omkhulu Dlungwane abakufundayo bona njengosopolitiki ekuphatheni abantu, nasekuthuthukiseni izindawo zomphakathi ekulweni nobubha kanye nakwezolimo. UMacingwane uphakamise esinye sezifiso esimqoka esibhekene nezemfundo njengoba le-Diocese yase-Marianhill namanye amasonto amaKhatholika anengxenye yezemfundo ayisingathile ekuthuthukiseni izingane zethu. Uncome lezizikole ezikulesisi Fundazwe ngokukhiqiza abantwana abanolwazi kwezobuchwepheshe nakweminye imikhakha nabawusizo ezweni lethu. Kuyinhlanhla ukuthi uBhishop uDlungwana aphume kulelibandla futhi isiFundazwe sihlomule ngokuba nondodana wakhe owumphathiswa wezemfundo abe uzalwa uBhishop okusho ukuthi amasu aphumelelisa ezemfundo kumaKhatholika azocijisa isiFundazwe. Izinkinga zesiFundazwe ezibizwa ngokuthi phecelezi ama-Social ills okubalwa kuzona o-HIV/Aids nezinye ibandla lamaKhatholika licelwe okaMacingwane ukuthi lilekelele ngamasu ekucijeni isiFundazwe ekulweni nalendlakadla. Njengoba isiFundazwe besibambe inkomfa yeNgculazi yamazwe ngamazwe kube okokuqala ukuthi lesisiFundazwe sinconywe amazwe omhlaba ngokuba nezinhlelo ezinhle neziphusile zokulwa nobhubhane. Ube esekuveza okaMacingwane ukuthi amanye amasu bawathola kubaholi bomphakathi nabezenkolo. UkaMacingwane uncome abamabandla ukuthi bafake isandla ezinhlelweni zokulwa nobugebengu. Ubesecela uhlelo lwamabandla olufundisa ngokuhlonipha, ukuziphatha, ukuthotshelwa komthetho kanye nokuthobela abazali ukuthi luqhubeke nokwandisa lelivangeli emphakathini. Wacela ukuthi imfundiso yasemakhaya sekufanele idle ngokuqina ukuze sibe nesizwe esikwazi ukuziphatha.

Akusalanga ukukhuza ibhadi lokuhlaselwa kwabokufika kuleli ababesuke emazweni abo ngezinkinga ezahlukene.

Ukuhlasela um-Africa nawe ube uwuye owase-Africa kuyinto eyichilo ngoba ukuza kwabo la abokufika beze nolwazi futhi bezothekela ulwazi kanye nokusimamisa umnotho wezwekazi lase-Africa. Abaholi bezenkolo bangenelela basisiza ekulweni nalesisihlava.

UHulumeni waKwaZulu-Natal wamukela bonke abaholi bezenkolo ngomsebenzi omuhle abawenzela lesisiFundazwe.

Akabashiyanga ngaphandle abamabhizinisi abawumongo womnotho wesiFundazwe. Wacela nabamabhizinisi ukuba nabo bafake isandla emnothweni walomasipala osayidinga intuthuko kwezamabhizinisi.

OkaMacingwane ucele ukuthi uHulumeni omkhulu, owesiFundazwe, oMasipala babambisane nosomabhizinisi ekufukuleni umnotho walelizwe. Wacela abanamasu nokhiye bokufukulisa osomabhizinisi abancane ukuba balekelele kulomkhakha nabo osomabhizinisi abakhulu beze namasu abanawo futhi balekelele uhulumeni kusetshenziswane ukuze umnotho wezwe usimame. IsiFundazwe, imiphakathi kanye nomasipala baneqhaza abangalenza eliqondene nokusimamisa umnotho. Inhloso yokubambisana ukuxhosha ikati eziko.

Ubaba uMaduna umele umnyango kaNomusa Dube-Ncube, uye obheka ukuphathwa kukamasipala. Zincane izinto ezidala izinkinga kumasipala singabala ukuqashwa kwezisebenzi zikamasipala, ukusetshenziswa kwezimali kanye nokuhanjiswa kwengqalasizinda.

Umthetho ukhona okuyiwo olandelwayo yikho lamahhovisi omabili ayaye angqubuzane sekubangwa ukusebenza kukamasipala kodwa okuhle kuba ukuthi bonke balandela umthetho.

OkaMacingwane uthe akathathe lesikhathi asho izinto zingakenzeki ukuze wonke umuntu azi ukuthi ukusebenzela umasipala kuhambisana nani. Uma kuwukuthi mina njengoNdunankulu Mchunu ngikhulume okungekhona senongilandala uma sekunenkinga nizongiphindisa amagama engawasho ngininika izeluleko nisho ukuthi wakhuluma okungekhona.

# UZIKALALA UPHONSELE ABEZIMBONI INSELELO

**ANDILE KHOZA & SIFUNDO DLAMINI**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nokoNgiwa kweMvelo usephonsele inselelo izimboni kanye nezinkampani ezizimele ukuthi zingameli kude kepha zisebenzisane nohulumeni ekuqikeleleni ukuthi nabamnyama bayangena emkhakheni wezokukhiqiza.

Lelikhwelo uNgqongqoshe ulihlabe kwingqungquthela yezokukhiqiza ebibanjelwe eNkosi Albert Luthuli International Convention Centre eThekwini muva nje.

UZikalala uthe njengoba izwe lethu laseNingizimu Afrika libalwa namanye amazwe ahamba phambili ngokungalingani kwamazinga okuphila phakathi kwezinhlanga ezihlala kulo, lapho uthola khona ukuthi umnotho usezandleni zabathile bese kuthi abanye badle imbuya ngothi, kubalulekile ukuthi uhulumeni uphuthumise izinhlelo zokulungisa lokhu.

"Umnotho wezwe awukwazi ukukhula ngesivinini uma kunamazinga aphezulu kangaka okungalingani phakathi kwalabo abanotho nabantu abahlwempu. Thina-ke siwuHulumeni waKwaZulu-Natal sithi akukwazi ukuthi lokhu kuqhubeke.

Ngaleyondlela sesiqhamuke nezinhlelo ezihlose ngazo ukusiza ikakhulukazi abantu abamnyama ukuthi phela nabo bakwazi ukubamba iqhaza elibonakalayo kwezomnotho.

Phakathi kwezinto esizigcizelelayo ukuthi abantu abamnyama ikakhulukazi kumele banikwe amathuba okuzibambela embonini yezokukhiqiza baphinde futhi bahlonyiswe ngamakhono.

Lokhu kuyingxenye yezinhlelo zethu zokugqugquzela osozimboni abamnyama phecelezi Black Industrialists' Programme lapho sithi khona asisebenzise phela izimboni nezokukhiqiza ukuthi sizithuthukise kwezomnotho siyisizwe esimnyama," kusho uZikalala.

Ezokukhiqiza kanye nezimboni zibalwa neminye yemikhakha efaka imali enkulu emnothweni wezwe njengoba kuyizifundazwe ezintathu okuyi KZN, I-Gauteng kanye ne-Western Cape ezifaka u60% wemali evela kwimikhiqizo emnothweni wezwe.

Lokhu, kusho uZikalala, "kusho ukuthi kumele osozimboni abamnyama bavulelwe amathuba okubamba iqhaza elibonakalayo kulemboni uma sithi sizimisele ngempela ukuguqula isimo sokungalingani ezweni."

Uqhube wathi njengoba isifundazwe sisanda kwethula uhlelo lokusungulwa kwamaSpecial Economic Zones kanye nama-Industrial Hubs okuyizindawo zokukhiqiza kuzo zonke izifunda zomasipala kulesisifundazwe, kulindeleke ukuthi nemiphakathi emazingeni aphansi ibambe iqhaza kuloluhlelo oluthembisa ukuvula inqwaba yamathuba emsebenzi.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natal, uMnu Sihle Zikalala, uMnz Nigel Gwynne-Evans (DTI) kanye no Mnu Uys Jonker (Jonker Sailplanes)*

# UNgqongqoshe uqhakambise iqhaza labesimane kwezomnotho

Sifuna ukuhlaba ikhwelo lokuthi abantu besifazane abazicije, bakhe imifelandawonye ukuze bakwazi ukuhlomula ngaphansi kwezinhlelo zikaHulumeni.

**SIYABONGA MAPHUMULO**

UNgqongqoshe weZokuthuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natal uSihle Zikalala ukuchaza njengechilo ukwencishwa kwamathuba okuzithuthukisa kwabesifazane ngenxa yobulili babo.

UZikalala uphawule kanje emcimbini obuhlelwe uhulumeni waKwaZulu-Natali ngokubambisana nenkampani ekhiqiza izimpahla zokugqoka i-Edcon Group wokubungaza iqhaza labesifazane emphakathini.

Enkulumweni yakhe uNgqongqoshe ukhale kakhulu ngalabo abasabuswa umqondo wakudala wokuthi kunemisebenzi ethile elungele amadoda kuphela, hhayi abesifazane.

Uthe ngisho emlandweni kuyahlaluka ukuthi ngenkathi leli lisalwela inkululeko nabesimame babesekhaleni lomzabalazo, kungesibo abesilisa kuphela.

"Ngonyaka ka-1956 amaqhawekazi abantu besifazane ayibamba ishisa, eholwa izingqalabutho ezifana no-Mam' Lilian Ngoyi, Sophie De Bruin, nomama uHelen Joseph, bamashela ezindlini zombuso wamabhunu ePitoli belwela isithunzi somuntu omnyama.

Ngakho-ke kumele sihlale njalo sikhumbula ukuthi lelizwe lakhiwa ngokubambisana kwawo wonke umuntu, hhayi ngemizamo yabesilisa kuphela," kusho uZikalala.

Wathi ngezikhathi zobandlululo abesifazane yibo ababecindezelwe kakhulu ngoba, babecindezelwe ngenxa yobulili babo baphinde bacindezelelwe ukuba abantu abamnyama.

Ngaleyondlela, kusho uZikalala, uMnyango wethu wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natali unezinhlelo ezinqala zokuqinisekisa ukuthi abesimame, ikakhulukazi abebala elimnyama bayabhekelelwa ukuze bazithuthukise ngokwamakhono, ezezimali kanjalo nezamabhizinisi.

"ENingizimu Afrika inzalabantu yiyona eningi, nokukhombisa ngokusobala ukuthi yibona abathwele ijoka lokubhekana mihla yonke yokuvuka nobubha nenhlupheko."


*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala*

Uthe abantu besifazane yibona uhulumeni obabeke eqhulwini lezinhlelo zokuhlomulisa abantu emnothweni wesizwe.

"Siwuhulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natali sinqume ukuthi ingxenye engamaphesenti angamashumi amathathu nanhlanu (35%) ayo yonke imisebenzi yomphakathi kumele ihlomulise abesimame.

Kanti, ngenxa yokuthi siyazi futhi ukuthi iningi labesimame kuphinde kube abantu abasha, sithe enye ingxenye engamashumi amathathu nanhlanu (30%) kumele ibekelwe eceleni ukuhlomulisa abantu abasha."

UZikalala waphinde wabalula izinhlelo zokunikeza abesifazane amathuba okuqeqeshwa emkhakheni ehlukahlukene.

"Sifuna ukuhlaba ikhwelo lokuthi abantu besifazane abazicije, bakhe imifelandawonye ukuze bakwazi ukuhlomula ngaphansi kwezinhlelo zikaHulumeni.

Sithathe isinqumo sokuthi njengoba kunezibhedlela zaHulumeni kanye nezikole namajele, yonke imikhiqizo ethengwayo yilezizikhungo kufanele ithengwe kubantu bakithi. Yingakho sithi itshe lizogaya ngomunye umhlathi manje."

> *"Sifuna ukuhlaba ikhwelo lokuthi abantu besifazane abazicije, bakhe imifelandawony e ukuze bakwazi ukuhlomula ngaphansi kwezinhlelo zikaHulumeni."*



**"Umnotho wezwe awukwazi ukukhula ngesivinini uma kunamazinga aphezulu kangaka okungalingani phakathi kwalabo abanotho nabantu abahlwempu."**

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala

# INKAMPANI YEZIMPAHLA ZOKUGQOKA NOMNYANGO NOWEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI EKULWISANENI NOKUHLUKUNYEZWA KWABESIFAZANE

**MINENHLE MNCWANGO**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, uthi kuyinto encomekayo kakhulu ukungenelela embhidlangweni wokulwisana nokuhlunyezwa kwabesifazane, osekwenziwe inkampani enkulu esebenza ngokotini, i-Edcon, eyengamele izitolo ezaziwayo ezifana no-Jet, Edgars, Jet Mart, nezinye. Lokhu kuvele emcimbini obizwa nge-Edgars Unite Orange Day, lapho kusayinwe isivumelwano sokusebenzisana phakathi kwalesikhondlakhondla senkampani noMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, emagcekeni ayo la kuthungwa khona, kwa-Celrose, oThongathi, maphakathi nesiFundazwe saKwaZulu-Natali, muva nje.

Kulomcimbi kuvelile ukuthi abakwa-Edcon bayabathatha labo asebephenduke izisulu zokuhlukunyezwa babaqeqeshele amakhono okusebenzisa indwangu nokuthunga, bese besungula imiphilandawonye (Cooperatives), bathungele izimboni eziseduze ukuze bakwazi ukuziphilisa bangathembeli kubahlukumezi babo. Abanye bathola ithuba lokuba abasiki bengqephu njengoba sebekhona asebezisebenza. Lenkampani iyabasiza nalabo aseke banukubezwa ngokocansi.

Kulomcimbi bekukhona nabamele iNhlangano yeZizwe (United Nations), uMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nezoKongiwa kweMvelo esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni saseGauteng, uMnyango wezokuPhepha nokuXhumaniswa koMphakathi eGauteng, kanye nenhlangano emele abezokusikwa kwengqephu, i-South African Fashion Council. Ekhuluma kulomcimbi, uNgqongqoshe uThusi unxuse ukuba umphakathi usungule izinhlangano zabesilisa ezizofundisa ukuba baphathwa kanjani abantu besifazane, kuphinde kulwiswane nokuhlukunyezwa kwabo.

Uthe: "Ukuzibophezela kuka-Edcon kuzodlala enkulu indima eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMphakathi njengoba sinezinhlelo zokulwisana nokuhlukunyezwa kwabesifazane, futhi sinemipheme engu-25 esiFundazweni lapho silekelela khona labo asebephenduke izisulu zokuhlukunyezwa. "Maduzane nje sizosayinda isivumelwano nomasipala weTheku sokuba kuvulwe omunye umpheme endaweni yaseNanda ozophinde usize ekulweni nezidakamizwa. "Siyacela ukubambisana nekomidi lamadoda esiFundazweni ukuze sinqobe lesi sihlava ngoba abantu besifazane bayimigogodla yezwe kanye nemindeni," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Obeyisikhulumi sosuku kulomcimbi bekuyilowo owake waba yiphini likaMengameli weZwe, uDokotela uPhumzile Mlambo-Ngcuka, okumanje unguMqondisi Omkhulu obhekelele ezabesifazane enhlanganweni yamazwe omhlaba, i-United Nations (UN). Uthe:

"Siyawemukela ngokugcwele lomkhankaso. Ziningi izinselelo okumele sibhekane nazo ngoba eminye imithetho yesintu iyawahlukumeza amalungelo abesifazane njengoba sinamazwe lapho khona omakoti bebulawa ngomamezala babo ngenxa yokuthi ababafuni. "Siyanxusa ukuba amadoda asungule izinhlangano zawo ezizocobelela ngolwazi lokuba singavikelwa kanjani isithunzi somuntu wesifazane ezweni," kusho uDokotela Mlambo-Ngcuka.

Kulomcimbi bebekhona abesifazane abangu-40 abayizisulu zokuhlukunyezwa asebethole ukuhlomula kulezi zinhlelo.

UNkosikazi Ntozanele Khanyi, waseGoli, uphumele obala ukuthi naye wedlula kulesi simo.

Ubaqinise idolo abafana naye wathi: "Ngikhona ngiyaphila futhi sengiwumsiki wengqephu ngenxa yalolu hlelo. Nani vukani nizithathe.

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi unezinhlelo zokusiza kulesi simo. Kuyimanje ngizimele, ngiyazisebenza, angivumelanga isimo ukuba sibulale ikusasa lami."

Kwezinye izicukuthwane ebezikhona kulomcimbi kubalwa uMama weSizwe, uDokotela Bongiwe Ngema-Zuma, isithunywa ebesivela kwiNhlangano yeZizwe, uNkosikazi Anne Shongwe, umphathi wakwa-Edcon, uMnumzane Bernie Brookes, oyisikhulu esiPhezulu kwa-Edcon, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye noKongiwa kweMvelo esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uMnumzane Sihle Zikalala, iNhloko yoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosazana Nokuthula Khanyile kanye noMphathi wesikhungo esikhulukazi semicimbi, Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre, uNkosikazi Lindiwe Rakharibe.


*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, kanye nesikhulu esiphezulu kwa-Edcon, uMnumzane Bernie Brookes.*

# Abakwa Lotto beseka owezokuThuthukiswa koMphakathi ekwakheni izinkulisa esiFundazweni

**NOMTHI NDELU**


*Lapha bese konakele kukhala ifosholo kumbiwa isoyi lapho kuzokwakhiwa khona inkulisa kwamaphumulo.*

Abakwa National Lottery sebenikele ngemali engango-R47 597 000 ukubhekana nokwakhiwa kwezinkulisa ezengamelwe uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ezindaweni ezahlukahlukene esiFundazweni saKwaZulu-Natali muva nje. Lokhu kuvele emcimbini wokuhlaba isoyi lokwakhiwa kwenye yalezi zinkulisa kwaMaphumulo, yona ezothatha imali engango-R3,8 million.

Omele i-National Lottery Commission, uNkosikazi Shalote Mampane, uthe izindawo ezizohlomula zihlanganisa kwaMaphumulo, Dundee, Bergville, Kokstad, Port Shepstone, Mpendle, Ngwavuma kanye nezinye. Uthe lokhu bakwenza njengendlela yokubuyisela ebantwini njengoba kuyibo abadlala ilotto nsuku zonke. "Kunengxenye yemali esiyibekela ukusiza umphakathi. UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi yiwo obhekele ukusebenza kwezinkulisa. Yingakho uyingxenye yalolu suku olubaluleke kangaka. "Sisiza kakhulu izinkulisa ngoba sifuna ukufundisa izingane zethu ukuzimela nokuzazi ukuthi zingobani kusuka zisencane.

"Inhlolovo yenziwe yiwo uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ukuhlonza izinkulisa ezihlomule kulolu hlelo, kwaqondana nokuthi ababhekele ukubalwa kwabantu eNingizimu Afrika bathi izinga lokuphasa kukamatikuletsheni liphansi ngenxa yokuba ntekenteke kwemfundo eyisisekelo," kusho uNkosikazi Mampane. Ekhuluma egameni likaNgqongqoshe, uMnumzane Xaba, onguMqondisi Omkhulu eMnyangweni wozokuThuthikiswa koMphakathi, ngaphansi kophiko olubhekene nentuthuko nocwaningo olwaziwa nge Development and Research, uthe:

"Lesi sakhiwo esizokwakhiwa lapha sinakho konke okuyizinsiza zokufunda okuzosiza kakhulu nezinye izinkulisa ezakhelene naso, kwazise umphakathi wakwa Maphumulo ubalwa neminye imiphakathi entulayo. "Thina njengoHulumeni sifake imali engu-R85 million ekulwisaneni nesomiso. Sifuna lesi sakhiwo sakhiwe ngendlela yesimanje manje ukuze kongiwe amanzi.

"Sinecebo nohlelo lokulwisana nobubha kulesi siFundazwe sakwaZulu-Natali. Uma sithi lugotshwa lusemanzi sisebenzisa umbono waloHulumeni wokuthi izingane azisheshe zingene ezinkulisa zisencane kuphele ukuthi ezinkulisa izingane ziyadlala, zilale, ziphinde zidle, othisha abafundise. "Nathi njengoMnyango siyagqugquzeleka ukuthi siqhubekele phambili singami.

Sifake imali engu-R500 million kulonyaka wezimali esikuwo ezinkuliseni kulesi siFundazwe.

"Sisanda kuthula ngokusemthethweni inkulisa engumahamba nendlwana khona lapha eduze, eNdwedwe, nesilindele ukuthi ibe wusizo ezindaweni ezakhelene neNdwedwe, okubalwa kuzo nawo uMaphumulo. "Sizosebenzisana ukuqhubekela phambili sisiza kakhulu nasekubhaliseni ngokusemthethweni zonke izinhlangano ezingenzi nzunzo njengezinkulisa.

NjengoMyango wezoThuthukiswa koMphakathi sikubeke eqhulwini ukusiza abantu bakulesi siFundazwe, kwazise isithunzi somuntu sibaluleke kakhulu kuloMnyango," kusho uMnumzane Xaba. Ebonga, oyiMeya yakwaMaphumulo, uKhansela Happiness Ngcobo, uthe: "Kungokokuqala ngqa lapha kwaMaphumulo ukuthi sithole uxhaso oluvela kwaNational Lottery. Singumphakathi othembele kakhulu ezibonelelweni zikaHulumeni nohlupheka kakhulu.

Lokhu okulethwe uNational Lottery kuzokwenza umehluko omkhulu ezimpilweni zomphakathi kanye nasezinganeni."



**"Siyanxusa ukuba amadoda asungule izinhlangano zawo ezizocobelela ngolwazi lokuba singavikelwa kanjani isithunzi somuntu wesifazane ezweni"**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# UNGQONGQOSHE WEZEMPILO UGQUGQUZELA ABAFUNDA E-CUBA UKUBA BANGASIPHOXI

■ Mina isicelo sami ukuthi niphindele e-Cuba niqhubeke nokuzimisela khona lelithuba lingeke lincishwe abeza emva kwenu.

UNgqongqoshe wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo usenxuse izinkumbi zabafundi abafundela ubudokotela e-Cuba ukuthi babambe leli thuba ngezandla zombili, bauhlukane nakho konke okungabaphazamisa.

Labafundi, abasemabangeni ahlukahlukene, basebenzise iholidi lokuvalwa kwamanyuvesi ase-Cuba ngo-July no August besebenzela ezibhedlela zikaHulumeni, ukuze bazijwayeze ukusebenza kuleli, kanye nokunakekela iziguli ezinegciwane le-HIV, okuyisifo esingekho e-Cuba. Ekhuluma nabafundi, uDkt Dhlomo uthe: "Mina isicelo sami ukuthi niphindele e-Cuba niqhubeke nokuzimisela khona lelithuba lingeke lincishwe abeza emva kwenu.

Nina ningabagibeli kwibhasi yamahhala. Abahamba phambi kwenu bazisizile futhi baphinde basiza nani. Ngicela ukuthi nibe amanxusa ethu.

Ukuzwelena kweNingimzimu Afrika ne-Cuba kusezandleni zenu. Hloniphani ukuthi siniyisa laphaya ngoba sixakekile, sibadinga ngempela odokotela.

Ngakho-ke, bekezelani." UDkt Dhlomo utshele abafundi ukuthi balincelisise ikhona lobudokotela e-Cuba, ngoba izinga lakhona liphezulu impela.


"I-Cuba isule nya u-malaleveva.

Lelizwe linezinga eliphansi lokufa kwabantwana no mama ababelethayo. Futhi balandela izinto ezincane nje kodwa ezibalulekile. Usiko lwabo nje ukuhamba ngezinyawo bazivocavoce.

Uphila isikhathi eside phela uma uzivocavoca. Ubuchweheshe bobudokotela bubonkala ngenani yabantu abangaguli emphakathini.

Kuleli kufundiswa ukusiza abantu ezibhedlela kuphela. E-Cuba khona bafuna ukuthi uhambe emphakathini uhlole amalungu omphakathi. Ileyonto okumele nibuye nizoyiphinda lapha kwelakithi."

> *"Nina ningabagibeli kwibhasi yamahhala. Abahamba phambi kwenu bazisizile futhi baphinde basiza nani. Ngicela ukuthi nibe amanxusa ethu.*



*UDkt wezeMpilo uDkt Sibongiseni Dhlomo nengxenye yabafunda e-Cuba kanye nabazali babo*



# UNgqongqoshe wezempilo unxuse abahlengikazi ukuba bazinikele ukuvikela ukushona kwezingane nomama

**"Midwives taking the lead in achieving the Sustainable Development Goals".**



■ Nginxusa ababelethisi ukuba baqhubeke nokuma njalo ekuhlinzekeni abesifazane abakhulelwe futhi baqhubeke nokwenza okungaphezu kokulindelekile




*UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo, ekhuluma kwingqungquthela ye-Society of Midwives of South Africa (SOMSA) eThekwini*

Uma abasebenzi bezeMpilo bevilapha, bethatha izindlela ezinqamulelayo futhi behluleka ukulandela imithetho, abantu bayashona futhi bangatholi eliny ithuba empilweni.

Ingakho kufanele abasebenzi bezeMpilo kumele benze konke okusemandleni ukusindisa izimpilo zabantu.

Lokhu kushiwo wuNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo, obekhuluma kwingqungquthela ye-Society of Midwives of South Africa (SOMSA) ebiseThekwini kuleli sonto.

Le nqgungquthela ibibanjwe ngaphansi kwesiqubulo esithi: "Midwives taking the lead in achieving the Sustainable Development Goals".

UNgqongqoshe uDhlomo unxuse abahlengikazi nababelethisi ukuthi basebenzise noma yiliphi ithuba ukusabalalisa imiyalezo engasiza ukugwema ukushona komama nabantwana, njengasemicimbini efana nemishado noma imicimbi yasemasontweni.

Uphinde wenezezela ngokuthi abahlengikazi kumele baqaphe futhi balangazelele ukwenza uxilongo olungalindelekile kubantu besifazane abakhulelwe kanye nabantwana uma beze emitholampilo.

Uthe lokho kungenza lukhulu ukunciphisa ukushona kwezingane ezingaphansi kweminyaka emihlanu (5).

"Njengezwe, sijajwa ngendlela esilekelela ngayo abantu besifazane abakhulelwe kanye nabantwana ukuba baphile.

Ngakho-ke sicela nenze konke eningakwenza ukusindisa izimpilo zabantu" kuncenga uNgqongqoshe Dhlomo.

Unxuse ababelethisi ukuba baqhubeke nokuma njalo ekuhlinzekeni abesifazane abakhulelwe futhi baqhubeke nokwenza okungaphezu kokulindelekile nokugqugquzela ukusetshenziswa kwezindawo zokulindela (Waiting Mothers Lodges) kulesi sifunda.

# OWEZEMPILO WEXWAYISA NGOBUNGOZI BOKHILIMU BO-"YELLOW BONE"

■ Sifisa ukweluleka abantu asebeze baqala ukusebenzisa imithi engekho emthethweni yokushintsha isikhumba ukuthi bakuyeke lokhu, bavakashele udokotela wabo wesikhumba noma umtholampilo

UMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal, ngokubambisana neNyuvesi yaKwaZulu-Natal (UKZN) nabanye, ube nenhlabaluhide yemashi yokuqwashisa umphakathi ngobungozi bokusebenzisa imithi yokukhanyisa ibala.

Lomkhankaso, obekuphume nesinedolo kuwo, wenziwe ngenxa yezinga eliphezulu labantu besimame abansundu kanye nabangowomdabu waseNdiya abasebenzisa imithi engekho emthethweni.

Le mithi esetshenziswayo inomthelela omubi kulabo abayisebenzisayo, njengokunyusa amathuba okuthola umdlavuza wesikhumba. Le mashi isuke eChristian Centre, eMakethe, yaphela eGugu Dlamini Park.

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali udonse izihambeli zalemashi ngendlebe mayelana nobungozi balemikhiqizo, waphinde wazichazela ngemithi elungile okumele ziyisebenzise ukuma zinezinkinga eziphathelene nesikhumba, nokuthi itholakala kanjani.

Phakathi kwezimpawu zobungozi bokusetshenziswa kwemithi engekho emthethweni kubalwa: Isifo somdlavuza wesikhumba, esingalepheki kalula, futhi okubizayo ukuselapha

Ukushintsha kwesikhumba singafani umzimba wonke,

Amashashazi amnyama nesikhumba esinoboya,

Ukuncipha kwesikhumba, singabe sisakwazi ukuvikela umnininiso ngendlela efanele;

Izinduna namabala amnyama kanye; Ukuvela obala kwemithambo;

Ukusha kwesikhumba uma uselangeni; kanye Nokungenwa kalula yizifo zesikhumba.

"Abantu abasebenzisa imithi engekho emthethweni yokushintsha isikhumba bangabukeka bebahle okwesikhashana.

Kodwa emva kwesikhashana bayaqala babe nenkinga yesikhumba.

Isikhumba sigcina sesijwayele imithi engekho emthethweni futhi uma uyeka ukuyisebenzisa leyo mithi isikhumba siyaqhubeka nokulimala.

Konke lokhu kudala izinkinga ngoba abantu babe sebeza emitholampilo nasezibhedlela sebedinga usizo, nokwandisa ingcindezi kudle nemali yabakhokhi bentela ngokungenasidingo.

"Ngakho-ke sifisa ukweluleka abantu asebeze baqala ukusebenzisa imithi engekho emthethweni yokushintsha isikhumba ukuthi bakuyeke lokhu, bavakashele udokotela wabo wesikhumba noma umtholampilo oseduze nabo, ukuze bachazelwe ngemithi ephephile abangayisebenzisa," kusho uDkt Dhlomo.

*"Abantu abasebenzisa imithi engekho emthethweni yokushintsha isikhumba bangabukeka bebahle okwesikhashana, Kodwa emva kwesikhashana bayaqala babe nenkinga yesikhumba"*






**"Le mithi esetshenziswayo inomthelela omubi kulabo abayisebenzisayo, njengokunyusa amathuba okuthola umdlavuza wesikhumba"**

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo

Njengomama kukhona isinqumo okumele sisithathe ukuze sibuyisele isikompilo lethu njengesizwe izinto ezizosenza sihlonipheke njengesizwe omama bafundise abantwana emakhaya ukuziphatha.



*UNgqongqoshe wezamaCiko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi nomama eMkhosini Wesivivane ohambisana nokugubha inyanga yabesifazane esigodlweni KwaKhangelamankengane kwaNongoma enyakatho yesiFundazwe saKwaZulu-Natal.*

# AMATHEMBA AMASIKO ALELE EQHAZENI LABESIMAME

**NOMONDE MABOEA**

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi usegcizelele ngokubaluleka kwamasiko akhayo ngesikhathi ekhuluma nomama eMkhosini Wesivivane ohambisana nokugubha inyanga yabesifazane esigodlweni.

KwaKhangelamankengane kwaNongoma enyakatho yesifundazwe.

Lomkhosi okhule kakhulu kulonyaka njengoba uhlose ukusiza omama ngokuthi babheke izindlela zokuzithuthukisa, babonisane ngezingqinamba ababhekana nazo emizini yabo nasemiphakathini abavela kuyo.

Ngalokhu kuhlangana babonisana ngamaqhinga okwenza impilo ibengcono ngokuthi babonisane ngokuphatha kahle imizi yabo.

"Okukhulu ukuthi omama bahlangane baxoxe bacobelelane ulwazi kakhulukazi ngokukhuliswa kwezingane ukuze zikwazi ukubhekana nezinselelo zamanje" kusho uNgqongqoshe uSithole-Moloi.

UNgqongqoshe uncome iqhaza elibanjwe ngabesifazane esizweni njengalelo lomsebenzi omkhulu wokukhulisa isizwe.

"Njengoba silapha besenza umsebenzi wokulungiselela ukuyofundisa izingane zethu ngokulindeleke kuzo ezigabeni ezehlukene zempilo.

Lezo zindaba zisho ukuthi sakha isizwe, sizikhumbuza ukuthi sivelaphi ngoba isizwe esingalazi isiko laso siyashabalala", Kuchaza uNkk Sithole-Moloi.

Okuhle ukuthi lomkhosi uthi uyisiko kepha uphinde ubheke ezomnotho njengengxenye esemqoka ekuhlalisaneni kwemiphakathi.

"Njengomama kukhona isinqumo okumele sisithathe ukuze sibuyisele isikompilo lethu njengesizwe izinto ezizosenza sihlonipheke njengesizwe omama bafundise abantwana emakhaya ukuziphatha".

Enye yezinselelo akholelwa ukuthi abesifazane babhekene nayo ileyo yokubuyisela isiko lokuhlonipha emakhaya ethu.

"Uma kuphuma ingane ehloniphayo kuphuma isizwe esiqoqekile."Echaza ngalokhu ugcizelele ukuthi amaZulu ayeziqhayisa ngesiko lokukhuliswa kwezingane.

Usho lokhu wakuqhathanisa nenkulumo ekhulunywayo kulezinsuku ephendukezela ukukhuliswa kwezintombi ngokuthi kuhlolwa izintombi "Thina asihloli amantombazane kepha sikhulisa amantombazane; ukuhlola ngezinye izinto ezenziwa ekukhulisweni kwezingane".

UNgqongqoshe uSithole-Moloi uphethe ngelokuthi kumele siwabukisise amasiko sigxile kulawo akha isizwe "Kumele siliqonde kahle isiko ukuze sizohlalisana ngokuthula.

ISilo sincome labesifazane ngokuthi bawumhlahlandlela wempilo yesintu.

Uyale ngokuthi "Kusuka ekuzalweni kwakhe umuntu kuhlale kunezinqumo ezilandelwayo."

Labo mama abahamba Umkhosi Wesivivane uBayede ubethe ukuthi bango "Nomathemba" ngoba ethi ubone ukuthi bangabakhuseli athembela kubo ukuthi babuyise isizwe. Nakuba uNgangezwelakhe ethe ezinye zezingqinamba zeza ngokuthi ekujabuleleni ukuthi selibuye ezandleni zethu izwe asizange sibone ukuthi eminye imithetho sizoziklinya ngayo ize ishaye isiko lethu, ukholelwa ukuthi omama uba bezibambe zaqina unesiqiniseko ukuthi ngeke lifelwa amathe elikaMthaniya.



*Ingxenye yomama ebibungaza uMkhosi Wesivivane*

"Ziningi izinto ezisiphazamisayo njengesizwe samaNguni.

Kumele njengesizwe sihambe sifune emlotheni ukuthi ikuphi okunye okusilele okumele sikusukumise ukuze kukwazi ukubamba amaxhama okuvuselela ubunye."



"**Okukhulu** ukuthi omama bahlangane baxoxe bacobelelane ulwazi kakhulukazi ngokukhuliswa kwezingane ukuze zikwazi ukubhekana nezinselelo zamanje"

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# UNGQONGQOSHE USEXWAYISE NGOBUVILA KWABATHOLE UXHASO

Sibonga kakhulu eMnyangweni Wezobuciko Namasiko nakuNgqongqoshe uSithole Moloi ngokuxhasa manje sesizokwazi nokufunda ukuthi ishaywa kanjani i-keyboard, isiginci nokunye

STHEMBISO SHANGASE

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi usetshele abantu baseSpringlake eNquthu enyakatho yesifundazwe ukuthi mabapheze ubuvila.

UNgqongqoshe uMaSithole-Moloi ubekulendawo ngaphansi komshikashika wokusondela emawadini ngokuletha izidingo zomphakathi nokulalela ukuthi yini ekhathaza umphakathi.

UMaSithole-Moloi ubephethe ubuhlalu kanye nezinsimbi ezingokhehlegume bokuphelezela umculo okubala iziginci, izimfiliji kanye nezigubhu.

Izinhlangano zezalukwazi zendawo zona zigixabezwe ngobuhlalu bokuthunga ubuciko obufana nemigexo nokunye kokuhloba. UMnyango Wezobuciko Namasiko uthi uyakholwa ukuthi ngokuletha lezizidingo nqangi emphakathini waseNquthu zizoshintsha impilo yabantu namaciko.

Omunye woGogo abahlomulile uNkk Alphosino Motloung waseMasotsheni uthi bakajabulele ukuphiwa ubuhlalu njengo-Gogo njengoba sebozokhiqiza kakhulu badayise ukuze ngaloko bazithuthukise baye phambili.

Neqembu lengoma elibizwa ngokuthi Abafana BakaMgqumeni lithole izinsimbi zokucula. uNelisani “Ndlemnyama” Mseleku oyilungu laleliqem,bu likamasikandi uthi bahlomule nge-Keyboard nesiginci nokuzobasiza baqeqeshe nabanye abafana abahlezi emakhaya abangenzi lutho ukuthi bakwazi ukushaya lezizinsimbi.

“Sibonga kakhulu eMnyangweni Wezobuciko Namasiko nakuNgqongqoshe uSithole Moloi ngokuxhasa manje sesizokwazi nokufunda ukuthi ishaywa kanjani i-keyboard, isiginci nokunye”, kuchaza uNdlemnyama.



*UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi eSpringlake eNquthu enyakatho yesifundazwe ngesikhathi enikezela ngezinsimbi zomculo*

# Igcotshwe ilakanyana imikhandlu yase King Cetshwayo entsha sha

STHEMBISO SHANGASE

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi useyithubeleze yonke iKing Cetshwayo entsha ehamba ebeka amakhansela ngokusemthethweni enyakatho yesifundazwe.

UNgqongqoshe uMaSithole-Moloi njengeshoshozela lentuthuko kulendawo ebibizwa ngoThungulu ngaphambi kokhetho lohulumeni bezindawo lwamhlazane zintathu ku Agasti.

Phakathi komasipala abahanjelwe wuNgqongqoshe kubala uMthonjaneni, Nkandla, Mfolozi, Mhlathuze Mlalazi nabanye abangaphansi kweKing Cetshwayo.

UNgqongqoshe uSithole-Moloi uwadonse ngendlebe amakhansela kubona bonke omasipala baseKing Cetshwayo, wathi awakhohlwe ukuklolodelana nokubhinqana kwangesikhathi kusakhankaswa, angene emsebenzini asebenzele abantu abavotile.

“Njengoba abantu bethe banifuna nonke nibe niqhamuka ezinhlanganwnei zezombusazwe ezahlukene, lokho kusho ukuthi abavoti bafuna nisebenzisane nilethe izidingo ngokushesha”, Kusho uNgqongqoshe.

Uthi kuyiqiniso ukuthi abavoti abavotelanga uhulumeni bavotela izinhlangano zezombusazwe kodwa lokho kusho ukuthi babezithuma zonke ukuthi ziyosebenza kuhulumeni.

“Intuthuko mayingachemi mayiye nakulabo ocabanga ukuthi abakuvotelanga”, Kugcizelela uMaSithole-Moloi.

Uphinde wadonsa nosomlomo balabomasipala ukuthi bawathathele izinyathelo amakhansela aloyavo nangayibizi imihlangano njengokuyalela komthetho wezokuphathw akomasipala othi kufanele ikhansela lewadi libize okungenani imihlangano yomphakathi emine ngonyaka.

“Ngiyazi-ke ukuthi kukhona ogalakajana bamakhansela abasazonifaka loyomoya wezikhova nani enifikayo, ukuthi bathi ungalova imihlangano emibili bese uza kowesithathu ukuze ungaxoshwa, nalabo-ke Somlomo, babhekisise ubafake endleleni”, kusaqhuba yena uNgqongqoshe uMaSithole-Moloi.

Ubuye wancoma nomasipala baseKing Cetshwayo ngokuthi banegama elihle iningi labo njengoba bevamise ukuthola imibiko yomcwaningi mabhuku engenagcobho. Uthi yize kunjalo kodwa amehlo uwavulile ukubheka ukuthi akukho mkhonyovu yini oqhumayo.



*UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi*

“Ngeke sinanaze ukuthatha izinyathelo zokuqondisa izigwegwe noma ngabe kuphethe yiphi inhlangano noma ngabe kuphethe bani”, kusho yena belu uNgqongqoshe uMaSithole-Moloi.

Kubona bonke omasipala baseKing Cetshwayo adlule kubona uNgqongqoshe uSithole-Moloi, akakhohlwanga ukubonga neqhaza elibanjwa abaholi bomdabu izinduna namakhosi kulabomasipala waweluleka ukuthi aqhubeke nokuletha imibono yawo emkhandlwini yomasipala ukuze kwakhiwe kuyiwe phambili kubanjiswene.

Nginxusa ukuthi labo abaphumelele imali abayitholile bayisebenzise ngobuchule ukuze ibabeke kwelenyoni emkhakheni wezolimo nezamabhizinisi ngoba inhloso yomnyango ukubathuthukisa.



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, iNhloko yoMnyango uDkt Siphiwe Mkhize, uMama wesizwe uNkk Sizakele MaKhumalo Zuma neMeya yaseMsunduzi uKhansela Chris Ndlela bathathwe beqeda kuhalalisela abanqobe emincintiswaneni wabesifazane abavelele endimeni yezolimo KwaZulu-Natali.* ***Isithombe:*** ***MBUYISELO NDLOVU***

# BATHWESWE UPHAPHE LWEGWALAGWALA ABALIMI BESIFAZANE KWAZULU-NATAL

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Baphume bemamatheka osomabhizinisi besifazane abasemkhakheni wezolimo esifundazweni iKwaZulu-Natal emcimbini wokuchoma uphaphe lwegwalagwala abavelele nabenza kahle kulendima obusehholo lomkhandlu waseMgungundlovu mhla ziyi-16 kuNcwaba.

Lo mcimbi ubuhlelwe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni ngenhloso yokuhlonipha iqhaza labesifazane abasendimeni yezolimo kanye nokubathuthukisa ukuze bengagcini nje ngokulima kodwa bagcine sebengosomabhizinisi abaziwa umhlaba wonke futhi beqhubeke nokudala amathuba emisebenzi befukule nomnotho wesifundazwe.

UMnyango uba nolo mcimbi minyaka yonke ngoNcwaba nokuyinyanga okubungazwa ngayo amagalelo abesibhuda bakuleli abamasha belibhekise eZindlini zoMbuso ePitoli eminyakeni engama-60 eyedlule belwisana nomthetho wokuphathwa kodompasi owawubhekiswe kwabampisholo. Lo mcimbi usuke uyisandulelo sikazwelonke lapho kusuke kuzokhethwa khona abazomela izifundazwe zabo.

UNgqongqoshe wezoLimo esiFundazweni uMnu Themba Mthembu ubonge bonke abangenele lo mncintiswano emikhakheni eyahlukene waphinde wahalalisela amahlomulile wakhuthaza nabangaphumelelanga ukuba basebenze kakhudlwana ngokuzayo. "Ukube kuya ngami benizoklonyeliswa nonke kodwa-ke umncintiswano awusebenzi kanjalo, nginifisela inhlanhla nonke ikakhulukazi njengoba nisazoya kosimela emncintiswaneni kazwelonke ozoba ngasekupheleni kwalenyanga (Ncwaba) eLimpopo, lapho izifundazwe zizobe ziqhudelana zizonke", kusho uMthembu. Uqhube ngokuthi uyafisa ngonyaka ozayo ukubona abantu abangenela lomncintiswano banda ikakhulu intsha, uphinde wathi labo asebephumelele kufanele becathulise abasakhasa.

"Siwumnyango siyafisa ukufinyelela kulabo abasebenza ngokuzikhandla ezindaweni zasemakhaya kodwa umsebenzi wabo onganakekile.

Ngonyaka ozayo ngifisa ukubona abantu bebaningi kunalaba abangenele nonyaka, lokhu singakwenza kuphela uma singabonela kwabesifazane bango-1956, sifunde kubo ukuthi labo asebephumelele basize labo abadonsa kanzima", kusho uMthembu.

UMnyango usebenzise imali ecela ku-R600 000 ukuklomelisa abebevela emikhakheni eyahlukene, uhla belumi kanje: i-Best Female Subsistence Producer ihambe noNtombifikile Ngaleka wase-Ugu othole R75 000, kwathi uS.C. Moloi e-King Cetshwayo waphuma isibili wemuka no-R25 000, uFlorence Mgabhi eJozini ohlonishwe ngesitifiketi ulale isithathu. I-Top Entrepreneur Small Holder ilale eJozini noHlengiwe Mtshali othathe u-R125 000, iMoy' Omuhle Co-op yaseBaqulusini yathatha u R32 000, kwathi iNafgree Investment Holdings yaseMajuba yalala isithathu.

I-Top Processing Entrepreneur yemuka noYajna Birjanund weYaj May ethole R125 000, uMgibe Farming wathatha uR32 000 bobabili abaseThekwini.

UNomqondiso Mbalo wase-Ugu ukhale wemuka ne-Top Commercial Entrepreneur ka R125 000, welanywa yi-Lofika Lelolanga yaseBaqulusini ezihambele no R32 000. Bonke abadle umhlanganiso emikhakheni eyahlukene bazomela isifundazwe kuzwelonke.

Le ndumezulu yomcimbi ibihanjelwe ngabesifazane abaziwayo kwezepolitiki okubalwa kubo noMama wesizwe, uSizakele MaKhumalo-Zuma.

Unikezwe ithuba lokuphefumula ngalo mcimbi wakhuthaza ukubambisana kubantu besifazane nokuthi kwesekwe intsha efufusayo ukuze nayo ithuthuke.

"Masisukume sibambisane ukulwa nendlala sigqugqzele nabantu abasha ukuba bangene emkhakheni wezolimo, uma wena ulala usiza labo abakhuthele ngoba uzothenga kubo.

Isomiso sisigqeme udume kodwa ningadikibali, umdali uzosikhumbula ngoba siphila ngakho ukulima", kusho uMakhumalo-Zuma.

UMvelase wenanele ngokuthi kumhlabe umxhwele ukuzwa ukuthi abanye balabo abangenele umqhudelwano sebeqalile ukuqeqesha abesifazane abasakhula ukuze beziphilise ngezolimo.

Ube esenxusa ukuthi labo abaphumelele imali abayitholile bayisebenzise ngobuchule ukuze ibabeke kwelenyoni emkhakheni wezolimo nezamabhizinisi ngoba inhloso yomnyango ukubathuthukisa.



**"Ukube kuya ngami benizoklonyeliswa nonke kodwa-ke umncintiswano awusebenzi kanjalo, nginifisela inhlanhla nonke ikakhulukazi njengoba nisazoya kosimela emncintiswaneni kazwelonke"**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu




*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, ekhuluma nabasebenzi baseMjindi eJozini.* **Isithombe: MBUYISELO NDLOVU**

# KULOKOZA INHLANSI YETHEMBA NGOKUSEBENZA KOMJINDI

■ NjengoHulumeni kumele sinikezwe ithuba lokuba sike sidle amathambo engqondo mayelana nokuthi yini esingasiza ngayo lolu hlaka.

**SIMPHIWE NDWANDWE**

UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal, uMnuz Themba Mthembu, uqinise idolo abasebenzi abangaphansi kohlaka loMnyango uMjindi Farming pty ltd ukuthi uzokwenza konke okusemandleni ukuthi bangalahlekelwa yimisebenzi.

Ukusho lokhu ngesikhathi ehambele eJozini eMakhathini Flats lapho ebeyobonana khona nabasebenzi baseMjindi ukuze ababeke esithombeni mayelana nophenyo oluqhubekayo ngokusebenza kwalolu hlaka.

Utshele abasebenzi ukuthi ngenxa yokuthi lolu hlaka luphila ngokutakulwa njalo nguHulumeni ngenxa yokungakwazi ukwenza inzuzo kuye kwadingeka ukuba lifakwe ngaphansi kweso elibanzi ukuze kubhekwe ukuthi ikusasa lalo limi kuphi.

Uthe ngenxa yokuthi uHulumeni uzimisele ukuba kudaleke amathuba emisebenzi kunokuba ilahleke isinyathelo esizothathwa ngesokuba kuqhanyukwe nendlela ephusile yokuthi kubhekwe ukuthi lolu hlaka lungaguqulwa kanjani ekusebenzeni kwalo likwazi ukwenza inzuzo.

UMthembu uthe ubhekene nomthwalo wokuba achaze kuNgqongqoshe wezeziMali kuzwelonke, uMnu Pravin Gordhan ukuthi kungani lolu hlaka lungayenzi inzuzo.

"NjengoHulumeni kumele sinikezwe ithuba lokuba sike sidle amathambo engqondo mayelana nokuthi yini esingasiza ngayo lolu hlaka.

Akekho umuntu ofuna ukubona abasebenzi belahlekelwa yimisebenzi ngenxa yokuthi sehlulekile ukucabanga," kusho uMthembu.

Ugcizelele ukuthi indawo yaseMakhathini ukusungulwa kwayo kwakuhloswe ukuba ikhiqize ukudla esizweni kodwa njengamanje iyehluleka ukwenza lokho futhi isiphenduke yona yaba ngumthwalo kaHulumeni.

Uthe ukusebenzela ukuba kuvalwe lolu hlaka bese kuphela imisebenzi kuyobe kuphambene nezimiso zoBuntu ngoba lokho kuyochaza ukuthi emindenini eminingi kuyolala ikati eziko kwazise uma emndenini wabantu abamnyama kusebenza oyedwa kuzuza wonke umuntu egcekeni.

Lezi zindaba zemukelwe ngenkulu inhlokomo ngabasebenzi njengalokhu bekuvezile ukuthi bebenetwetwe lokuthi bazolahlekelwa yimisebenzi.

UMnuz Bernard Mathenjwa, obekhulumela abasebenzi, uthe bethulwe umthwalo emahlombe uma bezwa uMthembu ebeka amazwi amnandi okuthi ngeke baze balahlekelwe yimisebenzi.

Uthembise ukuthi abasebenzi bazosebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi uMjindi usebenza ngendlela egculisayo futhi wenza inzuzo.

Uphinde wahlaba ikhwelo nakozakwabo ebanxusa ukuba basabele ekhwelweni elishaywe nguNgqongqoshe ukuze kubanjiswane futhi kuhlatshelwe phambili nokulethela abantu baseJozini naseNingizimu Afrika okungcono kakhulu ngokungangamandla abo bengabasebenzi.

UMthembu uthe maduze nje kuzomenyezelwa amalungu ebhodi amasha ukuze kuqiniswe isizinda sezokuphatha kulolu hlaka.

Eqhulwini kuyiwa phambili uMthembu uthe ngabalimi bendawo nemiphakathi eseduze okumele ihlomule ngoMjindi.

Uthe akenelisekile ngokuthi sekunabantu abaqhamuka ezindaweni ezikude abasebenzisa leya ndawo yaseMakhathini ukuzicebisa kodwa abantu bendawo bengazuzi lutho.

Uphethe ngelokuthi kusezandleni zabo abasebenzi ukuthi bayaqikelela ukuthi le ndawo yenza inzuzo noma igcina ishabalele ngoba uma ingakwazi ukwenza inzuzo ngeke ihlale njalo itakulwa nguHulumeni ingunaphakade.




www.kznonline.gov.za

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

OPERATION Sukuma Sakhe

**UHulumeni waKwaZulu-Natal**

**Uzohambela umphakathi kuMasipala waseNewcastle ngaphansi kohlelo luka Operation Sukuma Sakhe**

UNdunankulu waKwa-Zulu Natal, uMnuz. Willies Mchunu uzohola ithimba loNgqongqoshe besiFundazwe ukuhambela izikole kumasipala waseNewcastle esiFundazweni saseMajuba. Lomkhankaso ongaphansi kohlelo u-Operation Sukuma Sakhe kuhlongozwa ngawo ukukhuphula izinga lemiphumela yokuphasa kulezi zikole, ukuletha izinhlelo zentuthuko nokulalela izinkinga zomphakathi.

**Lemicimbi ihlelwe kanje: 31 August 2016 Isikhathi: 09h00**

| IWADI | INDAWO | UNGQONGQOSHE |
|---|---|---|
| Ward 10 | Osizweni Arts Centre | Premier: Willies Mchunu |
| Ward 15 | Mzamo Sports Ground | MEC: Sihle Zikalala |
| Ward 26 | Madadeni Community Hall | MEC: Weziwe Thusi |
| Ward 31 | Isikhalisezwe Sportsground | MEC: Dr Sibongiseni Dhlomo |
| Ward 20 | Qhubeka Primary School | MEC: Nomusa Dube-Ncube |
| Ward 25 | Fairleigh Community Hall | MEC: Ravi Pillay |
| Ward 17 | Sesiyabonga Sports Complex | MEC: Belinda Scott |
| Ward 07 | Dicks Hall | MEC: Bongi Sithole-Moloi |
| Ward 26 | Maranatha Church | MEC: Mxolisi Kaunda |
| Ward 30 | Osizweni Handicraft Centre | MEC: Themba Mthembu |
| Ward 05 | Monte Vista Casino | MEC: Mthandeni Dlungwane |

**KwaZulu-Natal Masisukume Sakhe!!!**

KZN Provincial Communications_2016

# UNGQONGQOSHE WEZOLIMO UHLABE IKHWELO EMPHAKATHINI UKUBA UQIKELELE UMA USHISA AMADLELO

Ezimweni lapho kutholakala ukuthi inhlekelele ibe nkulu kakhulu kuba namafomu agcwalisa imininingwane yabafuyi kanye nenani lemfuyo ebhubhile noma ekhahlamezekile.

**BRENDA MQWAMBI**

Umphathiswa wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya usehlabe ikhwelo emiphakathini yaKwaZulu Natali ukuba iqikelele uma ishisha amadlelo ukuze kugwemeke ukubhebhetheka kwemililo yequbula egcina ibhubhise imfuyo namasimu nokuholela ukutheni uhulumeni agcine ekhokha izigidi kwizinxephezelo zabalahlekelwe.

UMnu Themba Mthembu uthi uphiko lomNyango wakhe lwe Risk and Disaster Management olubhekelene nezinhlekele zalolu hlelo selukhokhe isamba semali esingaphezulu kuka R20 million kwizinxephezelo kusukela ngonyaka 2002 kuya kunyaka ka 2010 ngenxa yokubhubha kwamasimu, imfuyo kanye nezimpahla zokulima okudalwa abantu abokhela umlilo budedengu.

Lesisizumbulu sisize abalimi ekutheni bakwazi ukuthola ukudla kwemfuyo yabo, baphinde bakhe lapho kushe khona and basizwa ekutheni bakwazi ukuba bathole isinxephezelo ngokulahlekelwa kwemfuyo yabo.

"Imiphakathi iyanxuswa ukuba izame ukuba iqikelele ekutheni uma ngabe ishisa amadlelo leyo ndawo ibe ngegadiwe ekutheni ingabhebhetheki kuze kube umlilo awusanqandeki ugcine usushise nalapho kungamele kushe khona," kusho uMthembu.

UMthembu uthe yize lolu hlelo lwe Risk and Disaster Management kuhloswe ngalo ukuthi kubhekelelwe abalimi abazithola belahlekelwe kakhulu ngenxa yesimo sezulu kanye nemililo kuyenzeka ukuthi uma inhlekelele inkulu kakhulu abalinyalelwe izimpahla bagcine bengasakwazanga ukuthi babanxephezele bonke noma ngokuphelele.

"Loluxhaso luyindlela yomNyango yokuzama ukuthi usize abalimi ukuba bakwazi nokuqhubeka baphile emva kokuba kube nenhlekelele kepha ngiyathanda ukugcizelela ukuthi akubona bonke abalinyalelwe abagcina bexhasiwe," kugcizelela uMthembu.

Echaza ngokuthi lusebenza nganjani lolu hlelo, uMthembu uthe lusiza kakhulu imiphakathi ekutheni ikwazi ukuba ithole usizo olufana nokuxhaswa ngezimali noma ngokudla kwezinkomo emuva kokuba sekwenziwe ucwaningo lokuthi leyo nhlekelele imoshe kangakanani kuleyondawo nokuthi iyiphi indlela engcono umNyango ongangenelela ngayo ulethe usizo.

Uqhube wathi ezimweni lapho kutholakala ukuthi inhlekelele ibe nkulu kakhulu kuba namafomu agcwalisa imininingwane yabafuyi kanye nenani lemfuyo ebhubhile noma ekhahlamezekile.

"Kuzomele yazi imiphakathi ukuthi ngokugcwalisa lelo fomu akusho ukuthi uxhaso bazoluthola kodwa kuyindlela lapho umNyango uthola khona ukuthi leyo ndawo ifanele yini ukuba ilutholе uxhaso noma cha," usho uMthembu.

Uphinde wathi umNyango unemikhankaso lapho uphuma khona uyonxusa abantu ukuba babike izinkinga emNyangweni ukuze wona ubone ukuthi ungahlangabezana kanjani nesimo nokuthi ubheke ukuthi sikhona yini isidingo sokuthi leyo miphakathi isizakale futhi ngayiphi indlela.

Uphethe ngokugcizelela ukuthi kubalulekile ukuthi imiphakathi izame ukuvimbela ukuba kwenzeke izinhlekele ngokuqikelela indlela oshisa ngayo imililo ngoba usizo alube lusafinyelela kubo bonke abalahlekelwe.



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu*

*""Loluxhaso luyindlela yomNyango yokuzama ukuthi usize abalimi ukuba bakwazi nokuqhubeka baphile emva kokuba kube nenhlekelele kepha ngiyathanda ukugcizelela ukuthi akubona bonke abalinyalelwe abagcina bexhasiwe"*

# Bugcotshwe ngokusemthethweni ubuholi obusha eMgungundlovu

**NHLAKANIPHO BUTHELEZI**

Nakuba ukhetho lamakhansela komasipala selufike ladlula eNingizimu Afrika, umbhidlango wokuwagcoba ngokusemthethweni ubusaqhubeka.

Inhlangano ebhekelele ezokhetho i-Independent Electoral Commission (IEC) imemezele ukuthi lolu ukhetho olukhululekile noluneqiniso, lapho izakhamizi zaseNingizimu-Afrika zathola ukusebenzisa amalungelo azo okuvota.

Okwasekushoda wukugcotshwa kobuholi obusha okuyilabo abaphumelela okhethweni.

Kulawa masonto amabili edlule, kugcotshwe ngokusemthethweni ubuholi obusha komasipala esiFundeni uMgungundlovu esiholwa nguMphathiswa wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott, kanye nethimba lakhe ngaphansi koHlelo lukaHulumeni wesiFundazwe i-Operation Sukuma Sakhe. Lapha kubalwa uMasipala Impendle, uMasipala uMkhambathini, uMasipala iMpofana, uMasipala uMngeni, uMasipala uMsunduzi, uMasipala uMshwathi kanye noMasipala iRichmond.

Ethula inkulumo yakhe kugcotshwa amakhansela kuMasipala uMsunduzi, uNgqongqoshe uScott uyale amakhansela wathi njengoba ukhetho seludlulile, ingcabha ilele kuwo ukuthi ahlinzeke izidingo kubantu.

"Ngifuna ukuhalalisela bonke ubuholi bama khansela obusha esinabo namhlanje obukhethwe ngabantu.

Ngifisa nizibophezele ekusebenzeni ngenhlonipho, ngobuqotho, nokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi niguqula izimpilo zabantu. Yikho lokhu okulindeleke kunina," kusho.

Lezi zinhlelo zokugcotshwa kwamakhansela ngokusemthethweni bekuphinde kube ngumhlangano wokuqala wamakhansela osemthethweni ogunyazwa ngumthetho.

Bekuphinde kukhethwe khona, uSomlomo wakuMasipala, iMeya, iSekela leMeya kanye neKomidi lamaKhansela.

Lesi yisikhathi esibaluleke kakhulu eNingizimu Afrika.

Isikhathi lapho ubuholi kanye nabantu kufanele basebenzisane ngokusondelana ndawonye kanye nangokubambisana ukuze baqhubele phambili intuthuko yaleli lizwe. UNgqongqoshe ubophezele uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni ukuthi usize imikhandlu emisha ukuqinisekisa yenza imisebenzi yabo ngendlela futhi ubuholi abuziphuli izifungo nezithembiso zabo.



*UNgqongqoshe wezezimali KwaZulu-Natal uBelinda Scott, uhalalisela uKhansela S'phindile Zondi wakuMasipala uMshwathi emva kokugcotshwa abe yiMeya kulo masipala.* ***Isithombe: NHLAKANIPHO BUTHELEZI***



**"Ngifisa nizibophezele ekusebenzeni ngenhlonipho, ngobuqotho, nokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi niguqula izimpilo zabantu"**

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott

# IZAKHAMUZI ZINCOMA UMSEBENZI OWENZIWAYO EMGWAQENI U-M13

**SIBONGISENI THABETHE**



*UMnu Mxolisi Kaunda uMnyango wakhe wezokuThutha osuthole ukunconywa ngomsebenzi owenzayo emgwaqeni waseFields Hill.*

Inhlangano yabahlali ezindaweni zasentshonalanga yeTheku iCentral Outer West Ratepayers Association (COWRA) isincome uMnyango wezokuThutha ngaphansi kobuholi bukaNgqongqoshe uMnu Mxolisi Kaunda ngomsebenzi owenzayo ukuqinisekisa ukuthi uhlelo lwezokuthutha olusesimweni kuleya ndawo.

Le nhlangano yezakhamizi, ezihlala phakathi kweHillcrest nePinetown zisanda kumema uMnyango emhlanganweni wazo ukuze zizwe ngezinhlelo zentuthuko ethinta imigwaqo endaweni yazo, ikakhulukazi kubhekwa umgwaqo u-M13.

Lo mgwaqo uM13 uke waba sematheni ngoSeptember 2013 ngenkathi iloli elalehla eFields Hill lashayisa amatekisi kwafa abantu abangu-24 ku-Richmond Road ePinetown.

Ngemumva kwenhlekelele, uMnyango wezokuThutha wabe usubeka izinhlelo zokungenelela esikhathini esifushane nasesikhathini eside esizayo ukuze kwenziwe ngcono ezokuphepha eFields Hill nakwezinye izindawo ezijwayele ukuba nezingozi kulo mgwaqo.

Obemele uMnyango kulo mhlangano uMnu Patrick Dorkin uchazele izakhamizi ngomthelela omuhle osubonakele kusukela kwabekwa imigomo emisha, okuhlanganisa ukwehliswa kwesisindo samaloli ahamba kulo mgwaqo sisuka kumathani angu-25 siya kwangu-16.

Kwawona amaloli angamathani angu-16 awavumelekile ukuhamba phakathi kuka-06:00 no-09:00 ekuseni ukusuka eHillcrest kuya ePinetown. Umbiko kaDorkin uveze ukuthi sesehle ngo-70% isibalo samaloli asebenzisa lo mgwaqo okudingeka alinde ngesikhathi esibekiwe.

Ngamakhamera asefakiwe kulo mgwaqo kusuka ngonyaka odlule, umbiko uveza ukuthi sesehle ngo-65% isibalo sabashayeli abeqa umgomo wejubane.

"Kulezi zinyanga ezine ezedlule, ubuchwephese bekhamera efakwe lapha, iBlack Box, sekube namacala angu-271 aqoshiwe.

Lo mshini yiwona ofunda imininingwane yemoto uthole ukuthi inamathikithi angakhokheliwe, nomshayeli ukuthi unamaphi amacala, nokuthi isesimweni sokuba semgwaqeni yini imoto.

"Njengoba isibalo sabahlali silokhu sanda minyaka yonke kule ngxenye yeTheku, lukhona nohlelo lokuba kwandiswe umgwaqo eFields Hill bese kufakwa nonqenqema lukakhonkolo kuwo wonke umgwaqo," kuveza umbiko woMnyango phakathi kokunye okuningi okwenziwayo.

Abahlali, ngomlomo kaSihlalo uMnu Dave Ferguson, bazibophezele ukuthi bazolokhu bebambisene noMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, ikakhulukazi uma belokhu beluthola ulwazi ngokwenzekayo okuthinta ezokuthutha.

Lokhu kuhambisana nomgomo walo Mnyango wokuthi uhlale uxoxisana nezinhlaka ezahlukene emiphakathini mayelana nezinto eziwuthintayo njengalezo zokuphepha emgwaqeni.

# UKaunda uhlangane nobuholi besiFundazwe beSANTACO

**Sikholelwa ekutheni imboni yamatekisi kumele ibe ngehamba phambili. Kodwa ngiyakuqonda kamhlophe ukuthi enye yezinselelo ezibhekene nemboni yamatekisi eyokungatholi uxhaso lwezimali**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnu Mxolisi Kaunda uzibophezele ngokuthi uMnyango wakhe uzokwelekelela kakhulu ekufukuleni imboni yezokuthuthwa komphakathi ukuthi ikhule.

Ekhuluma emhlanganweni wesiGungu sesiFundazwe seSouth African Taxi Council (SANTACO) obuseThekwini, uKaunda uthe kubalulekile njengoMnyango kanye nabemboni ukuthi kukhulunywe ngezinkinga kanye nezinselelo eziphazamisa ukuthula nozinzo kule mboni.

Lesi sigungu sibuye sasebenzisa lesi sigcawu ukuthi sibonisane ngezinto ezibalulekile okuhloswe ngazo ukuthi kuphuculwe le mboni yokuthutha umphakathi.

UKaunda obelokhu enamathele njalo ekuzibophezeleni kwakhe ekuguqulweni kwenhlalo-mnotho, unxuse abemboni ukuthi basebenzisane noMnyango ekuguqulweni kohlelo lokuxhaswa kwamabhasi, ukuze nabo babambe iqhaza kakhulu.

"Sikholelwa ekutheni imboni yamatekisi kumele ibe ngehamba phambili. Kodwa ngiyakuqonda kamhlophe ukuthi enye yezinselelo ezibhekene nemboni yamatekisi eyokungatholi uxhaso lwezimali kulezo zikhungo ezengamele ezezimali. Yize kunjalo, ngiyakholelwa ekutheni uma abemboni yamatekisi bengasebenzisana ngokuhlanganyela bese futhi ngokuhlanganyela beyocela usizo lwezimali emabhange bangaphumelela," kusho uKaunda.

Ubuye wathi usezingxoxweni noMphathiswa wokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo, uMnu Sihle Zikalala, ukuthola kabanzi ngamathuba ezomnotho embonini yamatekisi angasebenza ukuqinisekisa ukuthi kuba nokungenelela kwezomnotho.

"Kodwa ukuze konke lokhu kuphumelele sidinga ukuthi abemboni yamatekisi baqhube umsebenzi wabo ngokukhulu ukuhleleka babuye bayithathe le mboni yabo njengebhizinisi.

Sifisa ukuqeda nya ngezimpi ezikule mboni lapho abanikazi bamatekisi begcina belwela imizila ngenxa yokuncintisana ngamathuba ebhizinisi," kuchaza uKaunda.

"Asifuni ukubona udlame lubuye luqhamuka kulesi sifundazwe sethu. Kubalulekile ukuthi abanikazi bamatekisi baqinisekise nokuqhubeka ukulandela imithetho babuye baqhube umsebenzi wabo ngokulandela imigomo ababekelwe yona.

Kubalulekile futhi ukuthi abemboni baqinisekise ukuthi izimoto zabo zisesimweni esihle sokuba semgwaqeni babuye babe nezimvume zokuba semgwaqeni yikhona kuzogwemeka ukuthi izimoto zabo ziboshwe amaphoyisa omgwaqo," kusho uKaunda.



*UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ekhuluma emhlanganweni woMnyango nemboni yokuthutha umphakathi. Abahleli phansi (kwesokunxele) nguMnu Boy Zondi weSANTACO noMnu Sibusiso Gumbi oyiNhloko yoMnyango.*

Usihlalo weSANTACO KwaZulu-Natal uMnu Boy Zondi uthe bayakulangazelela ukusebenzisana noKaunda ukuphucula ezokuthuthwa kwabantu esifundazweni.



**"Sifisa ukuqeda nya ngezimpi ezikule mboni lapho abanikazi bamatekisi begcina belwela imizila ngenxa yokuncintisana ngamathuba ebhizinisi."**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# UMKHANKASO WOKUBHALISA ABAFUNDI NGESIKHATHI

**NOMPUMELELO GASA**

Umphathiswa wezeMfundo KwaZulu-Natal, uMthandeni Dlungwane, uthule ngokusemthethweni umkhankaso wokubhaliswa kwabafundi ezikoleni kusenesikhathi.

Lomcimbi obuhanjelwe izinhlaka ezibalulekile kwezemfundo okubalwa othisha, izinyunyana, izigungu zabazali ezengamele izikole kanye nabafundi, ububanjelwe eLinnpark High School, ngaphansi kwesiFunda sase Mgungundlovu, mhlaka 12 August 2016.

OkaDlungwane usekhombise izinga eliphezulu ngendlela akhathalele ngayo ukufunda kanye nemfundo yabantwana baKwaZulu-Natal.

Lokhu kugqame ngesikhathi ethula ngokusemthethweni umkhankaso wokugqugquzela abazali, imiphakathi kanye nazozonke izikole zikaHulumeni KwaZulu-Natal, ukuthi zibhalise abafundi ngaphambi komhlaka 31 October 2016, ukululungiselela unyaka ka 2017.

Ukwenza lokhu uMphathiswa ngoba uhlezi eshumayela kuzona zonke izikole azihambelayo ukuthi ukukhathalele futhi ufuna ukwenza isiqiniseko sokuthi ngonyaka ozayo ukufunda kuqala ngosuku lokuqala, ngehora lokuqala futhi nangomzuzu wokuqala izikole zivuliwe. "Nginxusa abazali kanye nazo zonke izikole zikaHulumeni kwisiFundazwe sethu ukuthi baqinisekise ukubhaliswa



UMphathiswa uDlungwane ekhuluma emcimbini wokwethulwa komkhankaso

kwabafundi bebhalisela unyaka ka 2017 ukuthi kwenziwa ungakashayi umhlaka 31 October 2016.

Siyazi ukuthi izikole eziningi kwisiFundazwe sezibabhalisile abafundi zibabhalisela unyaka ka 2017, kodwa sifisa ukukhumbuza lezozikole kanye nabazali abangakabhalisi abantwana babo, ukuthi bakunisekise ukuthi bababhalisa ungakashayi u 31 October 2016," kubeka uDlungwane.

UMphathiswa ubuye wanxusa abasebenzi boMnyango kusuka ko District Director, kuya kuma Circuit Managers ukuthi balekelele izikole kanye nabazali lapho kunezingqinamba khona mayelana nokubhaliswa kwabafundi. Kuwo lomcimbi uMphathiswa akaliyekanga ithuba lokukhumbuza izithameli ukubaluleka kwemfundo kanye nokufunda nokufundisa ngesikhathi ezikoleni.

"Njengoba sihlangene namhlanje ukuthula loluhlelo ingoba kunesikhulu Isidingo.

Loluhlelo lubaluleke kakhulu ngoba lihlahla indlela eqinisekisa ukusebenza ngendlela ezikoleni, uma izikole zingahambisanga ngokwaloluhlelo ziba nezingqinamba uma sekuvulwa izikole. Kumele sikhumbule ukuthi isikhathi esikuso manje asifani nesikhathi esiphuma kuso, lapho okwakuphela isonto lonke zivuliwe izikole kodwa kungekho ukufunda, abafundi besikiswa utshani, behlanza amagumbi okufundela kuze kuphele golokoqo isonto kungafundwanga."

Kuwo lomcimbi okaDlungwane ubuye wadalula ukuthi umntwana oneminyaka eyisihlanu kumele abe esenza uGrade R, oneyisithupha abe ka Grade 1.

Uphinde wacacisa ngemininingwane okumele umzali aqinisekise ukuthi unayo okubalwa isitifiketi sokuzalwa somntwana, ikhadi lomgomo, iriphothi, incwadi emsusayo esikoleni ekade umfundi ekuso uma eseyofunda kwesinye isikole, imvume yokufunda eMzansi Africa uma kungeyena owakulelizwe noma incwadi ekhombisa ukuthi useyisakhamuzi ngokugcwele.

*Izinkumbi ebezithamele umcimbi wokwethulwa komkhankaso*



# Liyabonakala igalelo loMnyango wezeMfundo ekuthuthukiseni ingqalasizinda

**THEMBELIHLE NTULI no THANDANANI ZUMA**

Kube injabulo yodwa kuvulwa ngokusemthethweni iShayamoya High School nguMnyango wezeMfundo mhlaka 16 August 2016 khona emagcekeni ase Shayamoya ngaphansi kwesiFunda sase Harry Gwala.

Impela bekusindwe ngobethole ngoba izicukuthwane zoMnyango kanye nomphakathi bebephume ngothi lwawo. uNkk Thembelihle Gumede onguMqondisi jikelele wezifunda zaKwaZulu Natal ubemele uMphathiswa uMthandeni Dlungwane kulomcimbi.

UMnyango wezeMfundo KwaZulu Natal usalokhu uqhubeke njalo ukuthuthukisa izikole kanye nokuletha izinsizakufunda esiFundazweni sonkana.

IShayamoya High school iqale ukubakhona ngonyaka wezi-2007 lapho yayinabafundi abalinganiselwa emakhulwini amabili, okuthe ngokuhamba kwesikhathi izinga lesibalo sabafundi ladlondlobala kakhulu, njengoba selifinyelele kwizinkulungwane ezimbili nothisha abangamashumi ayisithupha nanhlanu abaqashwe ngokuphelele uMnyango wezeMfundo. Lesisikole siphethe ubuxhakaxhaka bezinsizakufunda kanye namagumbi okufundela angama- 25, okudle uMnyango izigidigidi zamarandi alinganiselwa kwisamba esevile ku 37 million.

Kuyakhombisa ngokusobala ukuthi uMphathiswa wezeMfundo KwaZulu Natal uMnu. Mthandeni Dlungwane akazibekile phansi njengoba igalelo lakhe liyabonakala ekuthuthukiseni izikole kwingqalasizinda.

UNkk Thembelihle Gumede ube esenxusa ukuba isikole sisetshenziswe ngendlela okuyiyo singadicilelwa phansi, futhi kungabikhona izimpi zezigodi ezizokapakela ezikoleni zizophazamisa ukufunda.

Unxuse umphakathi ukuba ubambe iqhaza ekuvikeleni isikole futhi usinakekele.

"Lesi sikole siyaziqhenya ngaso siwuMnyango ngenxa yokwenza kahle kwimiphumela kamatikuletsheni ngakho ngithanda ukugqugquzela bonke abafundi ukuthi bazikhandle ukuze bangadicileli umlando omuhle ngeShayamoya," Kubeka uGumede. Ukusho kwagcwala umlomo ukuthi lesisikole singesinye esenzakahle kwimiphumela yamatikuletsheni.

Uqhube wanxusa abafundi ukuba bangazihlanganisi nezidakamizwa ngoba azisizi ngalutho kepha bazobe bezishonisela ilanga kanye nekusasa labo.

Okhulumele amakhosi u- Prince Maduna uncome uMnyango wezeMfundo ukuthi usifezile isithembiso sawo sokwakhela umphakath isikole esihle kangaka nesinobuxhakaxhaka baloluhlobo.



*Ishayamoya High School evulwe ngokusemthethweni nguMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal*

"Lesisikole sizosikhathalela akuzoba isikole sezidakamizwa. Singumphakathi sizosivikela futhi siqinisekise ukuthi sisemgangathweni, angingabazi ukuthi akekho namunye umfundi ongeke aphumelele kamatikuletsheni. Siyazibophezela ukusebinzisana nothisha ukugqugquzela abantwana bethu ukuthi bafunde ngokuzikhandla," kuphetha uMaduna.



**Bonke abazali kanye nezikole zomphakathi KwaZulu-Natal abaqinisekise ukuthi ukubhaliswa kwabafundi bebhalisela unyaka ka2017 kwenziwa ngaphambi kuka 31 October 2016.**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMhlonishwa Mthandeni Dlungwane

# UNDUNANKULU UHALALISELE I-ROYAL EAGLES NGOKUTHATHA ISICOCO SE-PREMIER'S CUP

Lemidlalo yasungulwa IHhovisi lika Ndunankulu uMnu Willies Mchunu ngenhloso yokuthuthukisa amakhono abadlali abasafufusa, futhi inika abalandeli ithuba lokubona abadlali ababathandayo

**NOLWAZI NZUZA no JOY MAKWALA**

Undunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa uWillies Mchunu uhalalisele iRoyal Eagles ngokuthatha isicoco se Premier's Cup ebidlalelwa ezinkundleni zaseMhlathuze Sports Complex. I-Royal Eagles iwine ngamanqaku amabili kwelilodwa ihlula I-Maritzburg United. Lemidlalo yasungulwa IHhovisi lika Ndunankulu uMnu Willies Mchunu ngenhloso yokuthuthukisa amakhono abadlali abasafufusa, futhi inika abalandeli ithuba lokubona abadlali ababathandayo ingakaqali isizini.

Lemidlalo ibe nesasasa elikhulu kwazise abantu bebephume ngobuningi babo kubalwa nosaziwayo. Lemidlalo ibinamaqembu ayisithupha aKwaZulu-Natal abengenele kulonyaka okubalwa kuwo I-Royal Eagles, Maritzburg United, Royal Kings, Lamontville Golden Arrows, AmaZulu FC kanye ne Thanda Royal Zulu. I-Eagles ibe namathuba amaningi kwisiwombe sokuqala kodwa ihlulekile ukuwasebenzisa, ngesikhathi sekuyiwa ekhefini.

I-Eagles ibihamba phambili ngenqaku elilodwa elifakwe ngu Siyanda Ngubo kanti iMaritzburg yona ibineqanda. Ashabalale wonke amathemba eMaritzburg ngesikhathi uJulius Lekontshane evalele inqaku lesibili sekuyophela isiwombe sesibili. UMondli Dlamini we Team of choice ufake elokubika inqaku le Maritzburg. I-Royal Eagles iphunyukwe ithuba lokwandisa amanqaku ngesikhathi u Sedwyn George egeja iphenathi edalwe ukudlaliswa kabi uNgubo.

Abalandeli be Maritzburg United bebelokhu bekhale njalo kumqeqeshi befuna uZongo kodwa umqeqeshi ukushaye indiva konke lokho. Umqeqeshi we Royal Eagles uthe yena neqembu lakhe bafuna ukuwina yonke imidlalo abazoyidlala yize abafana bakhe benze amaphutha kodwa bazowalungisa njengeqembu.

UNgqongqoshe wezamaCiko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi ubonge izinkumbi zabalandeli bebhola abebehambele lemidlalo, uqhube wathi unethemba lokuthi ngokuzibandakanya kwalamaqembu kulemidlalo



*Abadlali beqembu le-Royal Eagles bebhiyozela indebe abayiwine ngokuhlula iMaritzburg United ngamagoli amabili kwelilodwa (2-1) kowamanqamu, kumqhudelwano wePrimier's Cup obubanjelwe ezinkundleni zemidlalo zaseMhlathuze Sports Complex (Richards Bay).* ***Isithombe: THEMBA MNTYALI***

asethole ithuba lokuzilungiselela ukuqala kwe sizini ye Premiership kanye ne National First Division.

Ukugcizelelile ukuthi yena noNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu bafuna ukubona amaqembu akwezinye iziFundazwe ngoba isiFundazwe saKwaZulu-Natal esompetha. Isifiso sethu ukuthi elinye lamaqembu ethu elikwi National First Division ukuba likhushulelwe kwi Premiership ukuze sikwazi ukuqhudelana namaqembu asezingeni eliphezulu kuqhuba uNgqongqoshe uSithole-Moloi.

Ezinye zezicukuthwane ebezihambele lemidlalo kubalwa uKhaya Dladla odume ngelika G.C kumdlalo kamabonakude owaziwa ngoZalo. Kanti iqembu eliphumelele lizonikela ngo R100 000 kwinhlangano ekhethwe yilelo qembu elizobe liphumelele.

# UNggqongqoshe wezemidlalo uhalalisela iqhawe lesiFundazwe kuma-Olympics

UNgqongqoshe wezezobuCiko, amaSiko, ezeMidlalo NokuNgcebeleka, uNkkz Bongi Sithole-Moloi uzwakalise intokozo yakhe enkulu ngomgijimi waseKZN uHenri Schoeman ohlabane ngendondo yethusi (bronze) kuma-Rio Olympics eBrazil. USchoeman uphume isithathu emdlalweni owaziwa ngeTriathon, ohlanganisa ukubhukuda, ukugijima namabhayisikili. Okuthokozise uNgqongqoshe Sithole-Moloi kakhulu wukuthi uSchoeman ungumgijimi wokuqala ukunqoba indondo kuma-Olympics okhiqizwe wuhlelo loMnyango wezeMidlalo nokuNgcebeleka lokucija abezemidlalo ngobungcweti olwaziwa nge-Elite Athlete Development Programme (EADP). Loluhlelo olwenziwa ngokubambisana nePrime High Performance centre eseMoses Mabhida stadium lusiza abezemidlalo ehlukene ngabo bonke ubuchwepheshe besimanje kulomkhakha. Ukunqoba kukaSchoeman kukhombisa impumelelo engangabazeki yaloluhlelo. Leliqhawe lesiFundazwe lamukelwe ngenhlomo nenjabulo enkulu ngesikhathi lifika esikhumulweni sezindiza iKing Shaka Internationa eThekwini ngoMsombuluko emini. Umphakathi abangani, abafundi besikole ayefunda kusona nomndeni bafike ngobuningi babo bezomhlangabeza emcimbini obekukhona kuwo nezikhulu zoMnyango Wezemidlalo nokuNgcebeka nabanye. Kulomcimbi bekukhona neNhloko yoMnyango weMidlalo nokuNgcebeleka uNNz Rohin Naidoo nodlulise umyalezo kaNgqongqoshe uSthole-Moloi. Ekhuluma uthe "Ykona lokhu okumele intsha ibe yikho. Siinokuzigqaja nokuzethemba okukhulu ngentsha yethu lapha eMzansi. Siyazi ukuthi njengoba nilana nina intsha yalapha eMzansi sizonikhombisa indlela". Uqhube wathi abantu abafana noSchoeman babeka izwe lethu lase Mzansi Afirika ligqame bha emazweni onke ehlangeni.

Ezibongela uSchoeman ithe: "Ukuhamba ngiyomela izwe lami kanye nesifundazwe sami kimi kube umklomelo ngokwako. Kumele uma uwumuntu ufunde ukulandela amaphupho akho, futhi ungakhohlwa okholelwa kukona."



*UHenri Schoeman ehleli nabamhalalisayo kuhlanganisa neNhloko yoMnyango wezeMidlalo NokuNgcebeleka uNkkz Rohini Naidoo. Kahti efika eKing Shaka International Airport.*

"Ngesikhathi ngilaphana emqhudelwaneni into ebinginika umdlandla nentshisekelo ukuthi ngikwazi ukuqhubekela phambili ngokuzigqaja nokuzinikela, bengivele ngicabange bonke abalandeli bami behleli phambi komabonakude babo bememeza bengifisile ukuba ngibadlule bonke ngiphumelele," usho kanje




PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni wokuguqula izimpilo zabantu

A GROWING, DEVELOPING AND CARING PROVINCE FIRMLY FOCUSSED ON VISION 2030

KZN Provincial Communications_2016